Inkulumo yokwamukela kaSekela Meya KaMasipala weSifunda iLembe uKhansela Dolly Shandu emcimbini yembizo kaNdunankulu eSabuyaze Stadium - KwaMaphumulo, 17 November 2011

Mpathi wohlelo,

Ndunankulu weSifundazwe saKwaZulu Natali, uBaba uKhabazela,

Ongqongqoshe bonke abakhona phakathi kwethu,

Izimeya kanye namasekela,

Osomlomo, nawo wonke amakhansela akhona

Abasebenzi bakahulumeni,

Amakhosi,

Izitatanyiswa,

Abezindaba,

Bafowethu nodadewethu

Kuyinjabulo enkulu ukuthola lelithuba lokuba yingxenye yomlando obalulekile endaweni yakwaMaphumulo. Sizibona sinenhlanhla yokuhanjelwa ikhabinethi leSifundazwe sakwaZulu Natali esiholwa uNdunankulu uKhabazela.

Sizizwa sibalulekile kakhulu ukuthi uNdunankulu uKhabazela akhethe ukuzoxoxisana nabantu beLembe mayelala nezinto ezithinta izimpilo zabo kanye nezentuthuko. Loku kuyasikhumbuza futhi kuyasikhombisa thina njengabaholi balendawo yaseLembeni ukuthi kubalulekile ukubambisana nezinye izinhlaka zikahulumeni ukuthuthukisa izimpilo zabantu bakwa KwaZulu Natal. Lokhu kusitshela futhi ukuthi kubalulekile ukuthi thina njengomphakathi sibambisane nohulumeni ukuze sikwazi ukuphumelela sonke.

Silapha namhlanje njengohulumeni ukuzolalela izidungo zabantu ukuze silethe lokhu okudingwa yibo. Bonke ubuholi obusezingeni eliphezulu buphelele lana ukuzolalela liphendule nemibuzo mayelana nemisebenzi emihle esiyenziwe kanye neminye esazokwenziwa.

Ziningi izinhlelo zemisebenzi kahulumeni esizibona ziqhubeka kulesiFunda seLembe esingabala kuzo amanzi, ugesi, imigwaqo, ezempilo, ezemfundo njalonjalo. Siyakujabulela lokho futhi siyakuncoma kakhulu.

Ziningi izinselelo esibhekene nazo la endaweni yeLembe ezifana nengqalasizinda esilele emuva, isimo somnotho esiphansi, ububha, ekwentula kwemisebenzi, nomakhono kanye ne HIV/AIDS ikakhulukazi entsheni. Izindawo eningi yeLembe isemakhaya ngakhoke usemkhulu umsebenzi ekufanele wenziwe.

Thina njengeLembe siphokophelela ekutheni ngonyaka ka 2027 abantu beLembe baphile impilo esezingeni eliphezulu futhi bebe bethola abakudingayo kuhulumeni.

Siyethemba ukuthi leliphupho lizofezeka ngoba ubuholi obuphethe emazingeni esiFundazwe kanye noZwelonke ubuholi obukhathalela impilo engcono kubantu bonke.

Igalelo likaSukuma Sakhe nobudlelwano obukhona phakathi kweminyango yonke kahulumeni kanye nokusebenzisana phakathi kweminyango kanye nomasipala kuyancomeka futhi siyabona ukuthi lizosiphumelelisa.

Sibona ukuthi kuningi esizikwenza ngoba sibambisene.

Ngiyazi ukuthi abantu balapha eLembeni bazoziphatha kahle futhi nani nizokwazi ukubaphendula.

Ngalawomazwi ngizothanda ukunamukela la esiFundazweni sakithi, iLembe.

Ngiyabonga